



THE APOSTOLIC FAITH MISSION
OF SOUTH AFRICA

NEWSFLASH

With isiZulu Translations

8 AUGUST 2025



AFM Colleague,

1. WOMEN'S DAY 2025

Women's Day, celebrated on the 9th of August in South Africa, is a special time to remember and honour the strength, courage, and role of women in society at large.

From a Christian perspective, this day reminds us of how God values women and uses them in powerful ways to bring about change and strengthen faith and hope in the world. In the Bible, we see many examples of faithful women, like Esther, who risked her life to save her people, or Mary, the mother of Jesus, who humbly accepted God's plan for her life. These stories show us that God has also worked through women for His purpose.

On Women's Day, we can also reflect on Proverbs 31, which describes a woman of strength, wisdom, and kindness. She is not only hardworking and caring, but also fears the Lord, and because of that, she is praised.

Historically, August 9th is also a reminder of the historic 1956 women's march to the Union Buildings in Pretoria, South Africa, when thousands of women stood up for freedom and equality.

As followers of Christ, we are called to stand for justice and to love and support one another. So, on this day, we thank God for the women in our lives: our mothers, sisters, daughters, and friends.

RESOURCES / IZINSIZA

**Register for The AFM
Ablaze National Conference
@ Durban ICC:**

<https://afm-ags.org/ablaze-national-conference-save-the-date-2025/>

**Download the Latest AFM
of SA Circular – ABLAZE
Conference Information:**

<https://afm-ags.org/media-articles/>

**Access the 2025 NOB
Empowerment
Presentations & Videos:**

<https://afm-ags.org/the-afm-is-coming-to-your-province-2/>


**Register for The AFMI
Conference in Zambia,
Lusaka:**

<http://www.afmzambia.org.zm/landing>

Connect with Us:



We pray for their strength, peace, and purpose. And we also commit ourselves to creating a world where all women are respected, valued, and given the freedom to live out their God-given potential. Women's Day is a chance to celebrate and bless the women who shape your life.



USUKU LWABESIFAZANE 2025

USuku Lwabesifazane, olugujwa mhla ziyisi-9 kuNcwaba eNingizimu Afrika, yisikhathi esikhethekile sokukhumbula nokuhlonipha amandla, isibindi, kanye neqhaza labesifazane emphakathini wonkana. Ngokombono wobuKristu, lolu suku lusikhumbuza indlela uNkulunkulu abazisa ngayo abesifazane futhi abasebenzise ngezindlela ezinamandla ukuze alethe inguquko futhi aqinise ukholo nethemba emhlabeni. EBhayibhelini, sibona izibonelo eziningi zabesifazane abathembekile, njengo-Esteri, abafaka ukuphila kwabo engozini ukuze basindise abantu bakubo, noma uMariya, unina kaJesu, owamukela ngokuthobeka icebo likaNkulunkulu lokuphila kwakhe. Lezi zindaba zisikhombisa ukuthi uNkulunkulu ubelokhu esebenza nabantu besifazane ngenjongo Yakhe.

NgoSuku Lwabesifazane, singaphinde sicabange ngeZaga zama-31, ezichaza owesifazane onamandla, ohlakaniphile, nomusa. Akagcini ngokusebenza kanzima nokukhathalela, kodwa futhi wesaba uJehova, futhi ngenxa yalokho, uyadunyiswa.

Ngokomlando, umhla ziyisi-9 kuNcwaba futhi uyisikhumbuzo semashi eyingqophamlando yamakhosikazi yango-1956 e-Union Buildings ePitoli eNingizimu Afrika, lapho izinkulungwane zabesifazane zazilwela khona inkululeko nokulingana.

Njengabalandeli bakaKristu, sibizelwe ukumela ubulungisa, sithandane futhi sisekelane. Ngakho, ngalolu suku sibonga uNkulunkulu ngabesifazane ezimpilweni zethu: omama bethu, odadewethu, amadodakazi, nabangane. Sithandazela ukuthi babe namandla, ukuthula kanye nokufezeka kwezinjongo zabo. Futhi siyazibophezela ekudaleni umhlaba lapho bonke abantu besifazane behlonishwa khona, lapho baziswa khona, futhi banikezwe inkululeko nokuphila ngamandla abo abawaphiwe nguNkulunkulu. Usuku Lwabesifazane yithuba lokugubha nokubusisa abesifazane abalolonga impilo yakho.

2. YOU ARE INVITED!

To the Ablaze National Conference 2025

12-14 September 2025 at the Durban ICC

Theme: "Preach the Gospel, Live the Gospel – Sustain the Fire!"

Get ready to be ignited, empowered, and commissioned! We are thrilled to invite you to our National Conference 2025, a powerful gathering of believers, leaders, and passionate messengers of Christ, united under one divine calling - to **Preach the Gospel, Live the Gospel, and Sustain the Fire!**

This year's theme challenges us to return to the purity of the message, the integrity of the messenger, and the relevance of the method. As Paul charged Timothy, "Preach the Word; be prepared in season and out of season..." (2 Timothy 4:2).

We are reminded that the call is urgent, the message is non-negotiable, and the harvest is plentiful. This is more than a conference - it is a divine appointment. Whether you are a preacher, worshipper, or kingdom builder, come ready to be refreshed, realigned, and reignited! Expect spirit-filled worship, life-changing teachings, and unrelenting passion for the Gospel.

Register today and bring someone with you.

Come ready to be transformed, equipped, and set ablaze for His glory!



2. UYAMENYWA!

ENkomfeni kaZwelonke ka-2025 yokukwenza uhlale usemalangabini.

12-14 ku-Mandulo onyakeni wezi-2025 ezohlangana e-Durban ICC.

Indikimba: "Shumayela iVangeli, Phila Ivangeli – Yenza ukuthi Umlilo uhlale uvutha!"

Zilungiselele ukokhelwa, ukuhlonyiswa ngamandla, nokuthunywa! Sijabule kakhulu ukukumemela eNkomfeni kaZwelonke ka-2025, okuzoba umbuthano onamandla wabazalwane, abaholi, nezithunywa zikaKristu ezinomdlandla, ozobe uhlangene ngaphansi kobizo lukaNkulunkulu olulodwa olusihlanganisayo - **okuwubizo lokushumayela iVangeli, ubizo lokuPhila Ivangeli, Nokugcina Umlilo uvutha!**

Indikimba yalo nyaka isilethela inselele yokuthi sibuyele emlayezweni ohlanzekile, ubuqotho balowo othunyiweyo, kanye nokufaneleka kwendlela esenza ngayo. Njengoba uPawulu ayala uThimothewu, “Shumayela iZwi, ulungele ukulishumayela, noma kuyisikhathi noma kungesiso...” (2 Ku-Thimothewu 4:2)

Siyakhunjuzwa ukuthi lolu bizo luyaphuthuma, umyalezo akuyona into okungaxoxiswa ngayo, futhi isivuno sikhulu. Lokhu kungaphezu kwenkomfa ejwayelekile: Kuyimbizo kaNkulunkulu. Kungakhathaliseki ukuthi unguMshumayeli, ungoDumisayo, noma ungumakhi owakha uMbuso, woza uzilungiselele ukuvuselelwa, ukuqondiswa kabusha, nokokhelwa! Lindela inkonzo egcotshwe nguMoya, izimfundiso eziguqula impilo, nothando olunganqamuki lweVangeli.

Bhalise namuhla futhi uze nomunye.

Woza ulungele ukuguqulwa, ukuhlonyiswa, futhi ubesemalangabini enkazimulo Yakhe!



The Venue

On Tuesday, 29 May 2025, an announcement was released about a change of venue from the Moses Mabhida Stadium to the **Durban International Convention Centre**. We encourage all pastors and leaders to share this information as widely as possible within local assemblies, regions, networks and Departments. This message is available on the AFM of SA YouTube Channel:

https://youtu.be/mCzc1y-1G_w?si=xii5tuR-7xs_FhxZ



Registration Information

Online registrations for the 2025 AFM of SA ABLAZE National Conference at Durban ICC are open at R300 per ticket. A link and QR code are available.

Standard Registration Fee* | R300 | 10 July – 10 August | Limited Seats!

From 11 August onwards, the Late Registration Fee of R350 will apply.

<https://afm-ag.s.org/ablaze-national-conference-save-the-date-2025/>



Friendly Regards! | Ozithobayo!
Henri Weideman

RADIO PULPIT

The official media partner of
the AFM Ablaze National
Conference 2025

radio
PULPIT



THE APOSTOLIC FAITH MISSION OF SOUTH AFRICA

National Office

Building no. 14, Central Office Park, 257 Jean Ave, Centurion,
Gauteng, South Africa
P.O. Box 9450, Centurion, 0046
Tel: +27 12 644 0490 | Fax: +27 12 644 0732/4
www.afm-ag.s.org

Connect with Us:



YouTube

